basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2016

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-24.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

ISIQEPHU A: INOVELI ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.***		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	**AMAMAKI**	**IKHASI**
1. *Kusinda Kwehlela Endodeni*	35	5
2. *Umshado*	35	8
ISIQEPHU B: UMDLALO ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.***		
3. *Ababulali Benyathi*	35	11
4. *Isiko Nelungelo*	35	14
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE ***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.***		
5.1 'Umunwe'	18	18
5.2 'Ilobolo'	17	19
ISIQEPHU D: IZINKONDLO ***Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.***		
6.1 'UNozidumo'	17	21
6.2 'Inhlansi yakho thuli'	18	23

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–2	1	
NOMA			
B: UMDLALO	3–4	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	5	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	6	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Umi entabeni yedwa ulindele ingoduso yakhe uNtombi, uyacabanga.
'Omama bathanda ukwazi ukuthi uganwa nini. Okungidina kakhulu, ilo othanda ukukukhombisa intombi ethandwa uyena ukuthi igane mina. Kanti bona abazi yini ukuthi induku enhle igawulwa ezizweni na? Hoo! Ngikhumbula ngiqala ukufika kule ndawo yaseMvoti izinsizwa zisho ukungiqeda ngenduku. Kwakungadlalwa. Ngadlel'ogageni. Ngake ngavika kwavuthuka izandla, bela abafokazi.

Ukhona oyedwa ongeke angikhohlwe noma nini. Lo engavele ngaphuma naye iqhubu ngamshaya wakhalisa okwengane encane. Khona esebaleka, nabangakubo bathuka becabanga ukuthi uyahlanya kanti qha akunjalo, uzwa ubuhlungu. Kodwa nami angilalanga ubuhlungu zingititinya izinsizwa. Engabe uzothini uNtombi namuhla? Sengicabange kahle, ngizovele ngimtshele nje ukuthi sengifuna ukuya kubo manje. Uma ebuza ukuthi ngiyokwenzani, impendulo ilula, ukuyocela ukuba ube umkami. Isona sikhathi sokumtshela lesi.

Ngokwedlule ngabuye ngangenwa itwetwe ngabambeka nje ngangabe ngisakwazi ukukhuluma, ngasale **sengihlaba inhlali** nje ngingaqondile. Namuhla elamanqamu, ngimfunge uMqhikiza kababa.'

Yabe ukuqhamuka nje intokazi kaGatsheni, wasukuma wama ngezinyawo kwaphela konke ukucabanga ethatha ebeka kungekho mpendulo eshaya khona.

'Sawubona Gatsheni wami omuhle. Engabe ubugeza ngani, **usuleke** kanje?'
Yasho ixhawula insizwa yaseMachunwini.

'Yebo Macingwane! Angigezanga ngalutho. Mina ngigeza ngensipho kuphela Usunesikhathi eside yini ufikile?'
'Yebo,' esho ehleka.

1.1 Ngubani igama lengoduso elindwe nguManyoba kulesi siqephu? (1)

1.2 Bhala isithakazelo sakwaMchunu esitholakala kulesi siqephu. (1)

1.3 Yiziphi izinto EZIMBILI ezadina/ezacasula uManyoba ngokwalesi siqephu? (2)

1.4 Bhala isizathu sikaManyoba sokuzobona ingoduso yakhe ngalolu suku. (2)

1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: 'Ukuwuhlaba inhlali' sisho ...

A Ukugwaza.
B Ukuzithulela.
C Ukucasuka.
D Ukubaleka. (1)

1.6 Uqonde ukuthini uManyoba uma ethi uNtombi **usulekile**? (2)

1.7 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uManyoba zamshaya izinsizwa zaseMvoti. (2)

1.8 Kwakuyini inhloso kaManyoba yokweqa epulazini likaGeorge ayosebenza eGoli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Bhala amaphuzu AMATHATHU ukusekela lesi sitatimende. (3)

1.10 Umbhali ubaveze kanjani abalingiswa abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye.

1.10.1 UMaNdlovu (2)

1.10.2 UNtombela (2)

KANYE

ISIQESHANA B

'Uthi likhona ikholwa elibiza uninazala ngenuku esikhundleni sokumwashela, amncishe ukudla? Athi akahlukane nengane yakhe iphuma esipotini?'
'Qha! Mina …'
'Wena bani? Akuwena yini owawuthethisa umama wakho, uthi akahlukane nengane yakho? Usumlahlile umama wakho usuzomfuna lapha engekho khona. Sengathi angangatholakala ngimfunge ubaba esemathuneni, uyowukhomba umuzi onotshwala. Phuma lapha ngingaze ngi …' Asho athathe iketela elinamanzi abilayo. Waphuma ngelikhulu ijubane elandelwa iketela.

Wafika ekhaya wangawuvala umlomo ngendlela uMaNdlovu amtshele ngayo. Baqala ukuba bethuke manje, kwakufanele ukuba basuke ngaso leso sikhathi baye eMnambithi nabo bayofuna lapho becabanga ukuthi bakhona oyise nonina. Bahamba ubusuku bonke indodakazi yabo ingafuni ngisho ukubakhulumisa.

EThekwini uMjwayezi nomkakhe baya kulo muzi lapho uyise wayejwayele ukuya khona. Bathi bengena nje esangweni, indoda yavulela inja kwakhalwa ubumayemaye inja enkulu ibasukela, wayikhuza. Bacela ukukhuluma nayo, yathi abangene.

Baba ukungena nje endlini yababuza: 'Nginganisiza ngani?'
Kwaphendula uMchunu: 'Besicela ukubuza ukuthi ubaba evalelisa kinina akashongo yini ukuthi uyaphi?'

'Uthe uya eMnambithi. Nikushiso yini lokho?'
'Abafowethu ababatholanga esiteshini, bafike sebehlile esitimeleni.'
'Kanti ubaba wenu ngempela uMchunu naningamnakile nje. UMchunu ubehamba ngezinto ezinganakekelwe zonke izinsuku ukhona makoti?'

1.11 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaFanyana nomama wakwamakhelwane. Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.12 Le ndaba yaba nesiphetho esingalindelekile. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.13 Ukuqhamuka kukaMfundisi kwaba namphumela muni empilweni kaManyoba noMaNdlovu ukube akaqhamukanga uMfundisi ngesikhathi sebetholene eMnambithi? (2)

1.14 Xoxa ngemibono emihle eyayizokwenziwa ngunkosikazi kaMduduzi ukube wayethole ithuba lokubonisana noMduduzi kanye nabafowabo ngabazali babo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.15 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi wonke amadoda asebenza kude nasemakhaya awo awaziphathi kahle? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa encwadini. (2)

1.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
1.16.1 UThusheleni	A Indodakazi kaManyoba
1.16.2 UMirriam	B Unkosikazi kaNtombela
1.16.3 UThembalihle	C Ungunogada efemini
1.16.4 UMaNgubane	D Indodakazi kaFanyana

(4)
[35]

UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

'Kanti nawe usuyikhasimende yini?' USifiso lowo obuzayo.
'Usho ukuthini uma usho njalo Sifiso?'
'Bengingathi uyathenga kuPamella?'
'Bengingathengi. Uthunywe uTholakele uPamella. Kukhona into edayiswa uPamella?'
'Bengithi uyazi Bheki. Uma ungazi asiyeke. Kanti uTholi wathi usebenzaphi kuwe?'
'Sengathi wathi efemini.' Asuke ahleke uSifiso. Anikine ikhanda.
'Ungaze uyoshada nomuntu ungamazi ukuthi usebenzaphi?'

Yasuke yamcasula le nkulumo uBheki. Wamshiya kanjalo uSifiso waziyela ehhovisi lothisha. Inhliziyo yakhe yayisibuhlungu kakhulu. Waxakwa ukuthi kanti uPamella uyadayisa? Wacabanga into ayibona beyenza noTholi endlini yabo ebusuku. Wasola ukuthi ubungani babo bunokungcola phakathi. Wazitshela ukuthi nakanjani uzombuza uTholi ntambama ukuthi yini edayiswa uPamella.

Kwabuye kwafika le nkinga yokusebenza kukaTholi. Akhumbule ukuthi sengathi akaze abone lutho nje uTholi ayethi olwasemsebenzini. Azitshele ukuthi uzombuza ukuthi usebenza kuphi kahle hle. Siphume isikole. Aqonde ekhaya uBheki. **Ikhanda liyamsinda** imicabango. Usola sengathi uzoshada nesigebengu.

Amfice unina. Babingelelane.
'Kanti lo mfelokazi wakho usebenzaphi?'
'Kade umbona yini?'
'Ngimbonela ukwenzani, ngimfunani nje?'
'Ngifuna ukwazi ukuthi usebenza msebenzi muni. Ngeke uthi unguthisha ushade nomuntu osebenza emajalidini.'

'Akasebenzi khona ejalidini?'
'Usebenza kuphi pho?'
'Sengathi usebenza efemini ethile.'
'Kufanele ngabe wambuza phela. Ngeke sivume thina ushade nomuntu ongafundile, ufunde kangaka.'

2.1 Ngokwalesi siqephu wathi usebenzaphi uTholakele? (1)

2.2 Yini edayiswa nguPamella ngokwazi kwakho indaba? (1)

2.3 Shono ukuthi wayezokwenzani uPamella ngesikhathi efika kuBhekani esikoleni? (2)

2.4 Tomula inkulumo eyayicasula uBhekani ngokwalesi siqephu. (2)

2.5 Kwakuyini inhloso kaTholakele yokuhlala eNyawushane? (2)

2.6 Nikeza isizathu sikamalume kaBhekani sokungafuni ukuyolobola uTholakele. (2)

2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: 'Ikhanda liyamsinda' sisho ukuthi:

A Uphethwe yikhanda.
B Usenkingeni enkulu.
C Unekhanda elilukhuni.
D Usanganelwa yikhanda. (1)

2.8 Yini eyenza ukuba umama kaBhekani athande uLindiwe kunoTholakele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Bhala amaphuzu AMATHATHU ukusekela lesi sitatimende. (3)

2.10 Umbhali ubaveze kanjani abalingiswa abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye.

2.10.1 Ubaba kaBhekani (2)

2.10.2 USifiso (2)

KANYE

ISIQESHANA D

Axakwe ukuthi usho ukuthini uBhatomu uma ethi uyowuvimba umshado. Sengathi akusiyo into yokuthathwa kancane le. Kuzomele axoxe noTholakele bayisukumele. Acinge unina ukuze amxoxele ngohambo lwakhe.
'Unjani umakoti?'
'Usengcono kakhulu.'
'Ubephethwe yini?'
Abone uBheki ukuthi unina useqonde endabeni yezidakamizwa. Ashintshe umqondo masinyane: 'Cha bathi bekungumkhuhlane nje.'
'Umkhuhlane?'
'Yebo mama.'
'Ungadlali ngami wena Bheki. Ubona sengathi ngiyingane yini? Lalela-ke. Kukhona umuntu ofike lapha wathi uyabuya khona manje ufuna ukukubona.'
'Ubehamba ngani?'
'Ngezinyawo.' Athi ukucabanga uBheki. Kokunye ngabe unina usho uBhatomu.
'Awumbuzanga ukuthi ungubani?'
'Uthe unguZenze. Nanguya eza. Lo muntu akaphathwa.'
'Cha, angingene endlini ukuze ngizwe ukuthi ufunani.'
Behlukane-ke. UBheki azibuze imibuzo eminingi kabi ngokuza kukaZenze kubo. Nempela afike uZenze.
'Siyabonana mkhwenyana.'
'Yebo, sawubona.'
'Akonakele lutho. Ngithi angikwazise ukuthi le emakhaya kwamakoti bayakhala, bathi imali incane. Manje bathi ukuze kusheshe kulunge ngoba nakhu nijahile, lethani izinkulungwane ezimbili zamarandi ngaphezu kwale mali ebengiyihambisile.'
Athule uBheki elindele enye incazelo. Ingabibikho. Axakeke ukuthi le mali engaka usezoyithathaphi manje. Abone ukuthi okungcono akaxhumane noTholi kuqala.
'Cha, ngiyezwa baba. Ngizoshayela umakoti kusasa, cishe okunye-ke usuyokuzwa ngaye. Ngibongile ukuba ungilethele lo mbiko masinyane.'

2.11 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaBhekani nomama wakhe. (2)

2.12 Le ndaba inesiphetho esihle esingalindelekile. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.13 Ucabanga ukuthi kwakuyokwenzekani kuBhekani ukube waqhubeka nokushada noTholakele? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.14 Isenzo sikaBhekani sokungalaleli uma eboniswa ngobubi bukaTholakele kwaba namthelela muni empilweni yakhe. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi ukungalandeli isiko kungaba nemiphumela emibi? Sekela impendulo yakho. (2)

2.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
2.16.1 INyawushane	A Izidakamizwa
2.16.2 UBhekani	B Imijondolo
2.16.3 UPamella	C Uqashise uTholakele
2.16.4 UZenze	D Iphupho ngolaka lukayise

(4)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

(*Kusekuseni. UDuma noMbandlwa bahleli phambi komnyango emzini kaDuma. UMbandlwa akasalibophile ikhanda.)*

DUMA: Cha, ususindile mfo ngoba usukwazi ukunqamula lolu khalo uze ufike lapha. Nakhu newashingi awusayithwele. (*bahleke bobabili*)

MBANDLWA: (*ehleka*) He! He! Uyadela wena ongenangozi ekhanda. Ubani obethwele iwashingi? Ngabe kungcono ukuba lesi silima sagqema wena kanti.

DUMA: Mina ngiyakwazi ukuvika. Wayengeke alithole ikhanda lami. (*ahleke*)

MBANDLWA: We mame! Kuvike bani? Kanti ezikoleni zaseThekwini nanelusa yini? Musa ukudlala lapha wena.

DUMA: Futhi akazange ashaye ndawo uDlamini lapho kuwe kodwa nguwe owabhayiziswa uvalo maqede wazishayisa obondeni. (*ahleke*)

MBANDLWA: (*sakunengwa*) Wayebheda lowo enkantolo. Yizindlela eziphansi nje zakhe lezo zokuphika icala. Sizobona kodwa ukuthi azophelelaphi la manga awashoyo. **Futhi masihlukane nale ndaba kaDlamini ngoba iyanginenga.**

DUMA: Singahlukana kanjani noDlamini ebe yena esemuva kwethu. Phela nguye osiphoqayo ukuthi sikhulume ngaye. Angithi nje mina bengisemaphoyiseni ngenxa yokungcola kwakhe.

MBANDLWA: Hawu kambe … Ayile nje kuye amaphoyisa?

DUMA: Hhayi, ayile ngoba iveni ibonakele khona ngentambama iyongena emagcekeni akwakhe.

MBANDLWA: Uyabona-ke ngeke besasenza lutho labo doti. Phela akuyona insangu ukuvakashelwa ngamaphoyisa ngale ndlela.Yithuba lethu-ke manje lokubiza umhlangano ngendlela esahlela ngayo.

DUMA: (*anqekuzise ikhanda sakuvuma*) Yebo! Yebo! Masihlele indlela esizobhala ngayo emaphepheni lawo esabonisana ngawo ukuthi sizowanameka yonke indawo.

MBANDLWA: Wena hamba kuqala uyonxusa amaphoyisa ukuba afike azoqapha emhlanganweni.

3.1 Owani lo mhlangano uDuma noMbandlwa ababefuna ukuwubiza? (1)

3.2 Ayezobizelwani amaphoyisa kulo mhlangano? (1)

3.3 Wachaza wathini uDlamini enkantolo mayelana nokulimala kukaMbandlwa. (2)

3.4 Yini ekhombisa ukuthi uMbandlwa usengcono? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.5 Tomula umusho osesiqeshini ofakazela ukuthi uDuma wafunda esikoleni esisedolobheni. (1)

3.6 Ngokwalesi siqephu yisiphi isizathu esenza uMbandlwa athi sekuyithuba labo-ke manje lokubiza umhlangano ngendlela abahlela ngayo? (2)

3.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

UMaNgema ungumuntu …

A Ongahloniphi.
B Oyisigebengu.
C Onoxolo.
D Ongalaleli. (1)

3.8 Chaza igama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenziswe esiqeshini esingenhla:

Futhi masihlukane nale ndaba kaDlamini ngoba **iyanginenga**. (2)

3.9 Chaza ukungcola kukaDlamini akhuluma ngakho uDuma. (2)

3.10 Kwakuyini inhloso yenkosi yokubhala incwadi eyafundwa nguMfundisi Mazongolo emhlanganweni? (2)

3.11 Abalingiswa abangabaqhathi kulo mdlalo nguMbandlwa noDlamini. Sekela ngamaphuzu AMABILI umlingiswa ngamunye. (4)

KANYE

ISIQESHANA F

(Kungene unogada wenkosi)

NOGADA: Siyabonana mndeni wakwaDuma.

DUMA: Yebo ndoda. Sengathi ngiyakwazi nje ndoda.

NOGADA: (*ngenhlonipho*) Yebo baba, uyangazi. Mina ngingunogada wenkosi.

MBANDLWA: (*ahlahle amehlo futhi inkulumo igcwale indelelo*) Yebo siyakwazi. Manje ufunani lapha?

MASHEZI: (*Uthukuthele futhi ubuka uMbandlwa ngeso lengulube*.) Kahle bo Mbandlwa! Lo muntu akezile kuwe. (*Aqondise kuNogada*) Usivakashele ngani muntu wenkosi?

NOGADA: Ngithunywe nguNdabezitha kubaba uDuma.

DUMA: (*abuyise izinhlozi maqede akhulume ngolaka*) Hheyi wena, angidinge myalezo wenkosi mina lapha! Angithi yona ingisasazela ngale nduna yayo uDlamini! Angithi mina angikwazi ukwenza umsebenzi wami ngenxa yayo?

MBANDLWA: (*asukume akhulume ngolaka ekhomba unogada*) Habe! Habe! Habe! Ubaba yini? Hheyi wena ndoda! Bona oze ngayo khona manje.

MASHEZI: (*asukume maqede akhombe uMbandlwa ngenkomba yesokunene bese ekhuluma ngolaka*) We Mbandlwa! Kukwami lapha! Ngithi, Kukwami lapha! Nawe unekini! UDuma ngeke ahlothoziswa nguwe. Hlala phansi uthule noma uphume uphele lapha kwami. (*ahlale phansi bese eqondisa kunogada*) Shono muntu wenkosi. Uthini uNdabezitha?

DUMA: (*ethukuthela*) We MaShezi! Ubani umnumzane kuleli khaya? Ungalingi ukhulume ngaleyo ndlela kuMbandlwa. UMbandlwa ngunobhala wami futhi sisuka kude naye. Wawukuphi seqa izinkalo naye sizama ukukhulula abantu? (*aqondise kunogada ngoshova)* ithini le nkosi yakho*?*

(Bathule bonke balalele ngesikhathi unogada edlulisa umyalezo wenkosi.)

DUMA: (*ngolaka*) Angiyingeni leyo!

3.12 Chaza ngamaphuzu AMABILI isisusa sodweshu lwangaphandle olwaluphakathi kukaMaShezi noMbandlwa. (2)

3.13 Kwaba namthelela muni ukushona kukaDlamini empilweni yenkosi uShandu? (2)

3.14 Phawula ngesiphetho salo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.15 Ngokucabanga kwakho kwakuyisenzo esihle yini ukuthi uMaShezi ashiye umyeni wakhe aphindele kubo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi ukungahloniphani kwabaholi kudala izinkinga emphakathini? Sekela impendulo yakho, ubhekise kokwenzeka endabeni. (2)

3.17 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
3.17.1 UMbandlwa	A Igama lesikole
3.17.2 USidamba	B Unkosikazi kaDlamini
3.17.3 UmaMsomi	C Ummeli weNkosi
3.17.4 INdabuzekwayo	D Impohlo

(4)
[35]

NOMA

UMBUZO 4: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

(UThenjiwe noDumisani bahlezi endlini bayaxoxa)

DUMISANI: Awubheke ucishe wona ubuhle nobumnandi bendumezulu yomshado.

THENJIWE: Eqinisweni njalo ngangingaboni impela ukuthi singasuke silandele isiko bese siyathandana. Namanje ungathi ngiyaphupha.

DUMISANI: Uma ubheka uthi umfowethu ungibeka icala ngalesi senzo sethu?

THENJIWE: Noma ngabe wayediniwe, naye engafuni ngikugane, kodwa ubaba ngendlela achaza, washweleza ngayo, nomufi weneliswa.

DUMISANI: Kodwa wawutholaphi lo shevu owawuthi ungijuqa ngawo?

THENJIWE: Ngicela ungabe usayikhuluma leyo ndaba, ingenza ngibe namahloni amangalisayo.

DUMISANI: Abahlola leliya tiye bathi ukuba ngake ngaliqhabula kanye, ingqakala yayiyobheka ezulwini.

THENJIWE: Ngasuke ngavukwa inzondo embi, idalwa ukuthi uSipho wayefe ngenxa yakho.

DUMISANI:	Kanti nanihlobene kanjani noSipho?
THENJIWE:	Kwakungumngani wami omkhulu. Mhlawumbe sasiyogcina sithandana nje. Uyena owayekwazi ukungiduduza uma ngikhumbule umfowenu.
DUMISANI:	Ngaphatheka kabuhlungu kabi mina ngizwa kuthiwa useshonile.
THENJIWE:	Ngifisa ukuyobeka imbali eyodwa vo ethuneni lakhe. Ngifuna nokuvalelisa ngoba washona ngithi ngisazombona.
DUMISANI:	Ngizwa kuthiwa wakubhalela incwadi engakashoni.
THENJIWE:	Edabukisa kakhulu. Sengathi wayebona ukuthi usezofa.
DUMISANI:	Akashongo lutho ngami?
THENJIWE:	Wayengayeka kanjani? Wathi angomxolisela kuwe futhi ngigcine ngikuganile. Yayimfushane incwadi idle ngokujula. Yayilokhu iphinda wona la magama engiwashoyo.
DUMISANI:	Yikho lokho okwadala ushintshe umqondo ulivumele isiko?
THENJIWE:	Nalokho **kwafaka isandla** kakhulu. Ngisola sengathi kufanele ngixolise kumama wakho futhi.
DUMISANI:	Ungazihluphi ngomama. Uma sihlezi kamnandi kanje ujabula kabi.

4.1 Ngubani lo Sipho okukhulunywa ngaye kulesi siqephu? (1)

4.2 Bhala isizathu sikaThenjiwe sokungafuni ukungenwa nguDumisani. (1)

4.3 Wayeyoyibekelani imbali ethuneni likaSipho uThenjiwe? (2)

4.4 Nikeza isizathu esenza uThenjiwe afise ukuxolisa kumama kaDumisani. (1)

4.5 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uDumisani wayezofa ukube waliphuza itiye elalenziwe nguThenjiwe. (2)

4.6 Chaza kafishane le ndaba eyayibangela uThenjiwe amahloni uma uDumisani ekhuluma ngayo. (2)

4.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Indumezulu yomshado umshado …

A wesiNtu.
B wasemakhaya.
C wasesontweni.
D omkhulu. (1)

4.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: Nalokho **kwafaka isandla** kakhulu. (2)

4.9 Wawuthini umyalezo wencwadi kaThenjiwe eyayibhalwe nguSipho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.10 Abalingiswa abangabaqhathi kulo mdlalo nguMondise noMaMbatha. Sekela ngamaphuzu AMABILI umlingiswa ngamunye. (4)

4.11 Kwaba namuphi umphumela kubantu bakwaZungu ukungalihloniphi ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela ngempilo yakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA H

DUMISANI: Mana phela kancane. (*Athathe izinyawo asondele kubo*)

SIPHO: Kanti awuzwa uma lo sisi ethi ujahile mfowethu?

DUMISANI: Angikhulumi nawe sikhulu. Siyezwana?

THENJIWE: Phela yimi engithe akangiphelezele lo engihamba naye. Kusho ukuthi usilibazisa sobabili.

DUMISANI: *(Abambe uThenjiwe ngengalo. Ame noSipho)* Hamba mfowethu. Ngisaxoxa noThenjiwe.

SIPHO: Ngeke ngivume njengoba umbamba ngenkani nje. Myeke!

THENJIWE: Angifuni we Dumisani! Uyazi ukuthi ngisekhaya nje yingenxa yakho. (*Ahluthule,abambisise uDumisani)*

SIPHO: Kanti unjani lo muntu? Yeka le ngane wena!

THENJIWE: (*Acoshe itshe*) Ngizokusakaza ngaleli tshe, uyezwa?

DUMISANI: Kanti uhlanganiswe yini nalo Sipho ongasafuni ngikhukume nawe.

THENJIWE: Hlukana noSipho wena. Ucabanga ukuthi uzoganwa yimi unje, ngeke.

DUMISANI: Nginjani? (*Abambe futhi*)

THENJIWE: (*Alidedele itshe lihlale ekhanda*) Angithi ngikutshelile.

DUMISANI: Uzolimala wena. Uyangishaya. (*Akhahlele esiswini*)

SIPHO: Hhayi-bo! Wenzani lo muntu? (*Alamule*) Nenzani kanti?

DUMISANI: Uyangibamba? (*Ashaye kuSipho*)

THENJIWE: Mshaye Sipho!

SIPHO:	*(Akhiphe ummese)* Uzothola lokhu-ke manje.
DUMISANI:	Usuphethe ummese? (*Ayeke uThenjiwe abhekane noSipho*)
THENJIWE:	(*Acoshe elinye ilitshe*) Kushaye Sipho!
DUMISANI:	Beka ummese sishayane.
SIPHO:	Wezwa bekutshela. Awungizwe! (*Amhlabe*)
DUMISANI:	*(Abaleke)* Uyangigwaza!
THENJIWE:	Hamba lapha angikufuni.
SIPHO:	Cishe walimala lo muntu. Usindile ngoba ugwazeke ingalo. Bengithi ngiwushaya esifubeni.

4.12 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ngesisusa sodweshu lwangaphandle olwaluphakathi kukaSipho noDumisani. (3)

4.13 Phawula ngesiphetho salo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.14 Ngokucabanga kwakho isiko lokungenwa lisabalulekile yini esikhathini samanje? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.15 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uMondise wayezicabangela yena kuphela kunokucabangela uThenjiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

4.16 Yini eyayenza ukuba uThenjiwe angafuni ukuyobona uDumisani esibhedlela? (1)

4.17 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
4.17.1 USkhumbuzo	A Indodakazi kaZungu
4.17.2 UThabi	B Washona ngodlame
4.17.3 UThenjiwe	C Washonela ejele
4.17.4 USipho	D Umakoti wakwaManzini

(4 x 1) (4)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 5.1 NOMBUZO 5.2.

UMBUZO 5

5.1 **'UMUNWE' – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

Akuyona into engiyenza ngamabomu kodwa sekwejwayeleka nje. Angivamisile ukubuza isibongo uma ngikhuluma nentokazi. Lanele igama. Ngiyibona ilibazisa futhi yezelisa nje indaba yokubuzana nondendende lwezibongo lapha. Yisidala leso. Uma uphila kulo mhlaba, kufanele uhambisane nezikhathi. Ziyashesha izinto.

'Ngiyabonga ukukwazi Bhuti,' kusho yona le ntokazi ewuZodwa, ingibuka ngamehlo ayo amakhulu, amhlophe, angibuka sengathi akhathele. Ngaluzwa lungithi he, uvalo olubandayo. La magama aphume emva kokuba sengishilo ukuthi ngifisa kwenzekeni phakathi kwami naye uZodwa lo.

'Ngiyajabula uma ngisho into ezwakalayo Sisi. Kuyangijabulisa ukuzwa ukuthi iyamukeleka le nto ebengikutshela yona,' kusho mina ngethemba lokuyizuza le ntombi enhle kangaka. Nansi nale ntokazi **ichobozela**, ibheka phansi. Le nto eyenziwa yile ntokazi, ingikhumbuza umkhuba owawenziwa yizintombi zakudala. Zona zazichobozela uma zikhuluma nensizwa, hhayi le nto eyenziwa yilezi zanamhlanje. Ezanamhlanje zivele zikuthi njo ngamehlo, kuze kube uwena okhophozayo. Le ntokazi elapha ephambi kwami sengathi isenazo izimpawu zenhlonipho. Sengathi ngihlangene nomuntu ozongihlonipha, ngiyasola. Umuntu ohloniphayo ubonakala ngazo lezi zimpawu. Pho yini engingathi ngiyayifuna kumuntu wesifazane ngoba yiyo inhlonipho ebalulekile.

'Akunjalo-ke Bhuti. Ukuyizwa kwami into oyishoyo, akusho ukuthi ngiyayemukela. Ngeke ngivele ngamukele into efana nalena kumuntu engingamazi. Ngikholwa wukuthi akulula ukwamukela into enjena kumuntu oqalayo ukuxoxa naye. Angikholelwa neze kuleyo nto. Ngiyakuzonda ukuba uthathekile. Ngiyalesaba ihlazo.'

'Hhayi, kahle Zodwa. Musa ukuyibeka kabi le nto. Ukwamukela into eshiwo wumuntu oqalayo ukuxoxa naye, akusho ukuthi ungumuntu owuthathekile.'

5.1.1 Wenza msebenzi muni lo mlisa esibhedlela? (1)

5.1.2 Wayesebenza kusiphi isibhedlela engakezi kulesi akuso? (1)

5.1.3 Chaza kafishane ngamaphuzu AMABILI ukuthi yini eyayenza le nsizwa ibathembe kakhulu abahlengikazi. (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Igama le nkosikazi yalo mlisa kwabe kungu …

A uZodwa.
B uThandi.
C uFikile.
D uZandile. (1)

5.1.5 Wabona kanjani uZodwa ukuthi lo mlisa ushadile? (2)

5.1.6 Le ndatshana yenzeka endaweni yasedolobheni. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.1.7 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi izintombi zamanje azisenawo amahloni okubuka isesheli emehlweni. (2)

5.1.8 Kwaba namthelela muni ukungayifaki indandatho yakhe emnweni lo mlisa? (2)

5.1.9 Ukuba yisoka kuhambisana nezinkinga eziningi. Fakazela lesi sitatimende ngokwenzeka kule ndatshana. (2)

5.1.10 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi wonke amadoda ashadile awathembekile kumakhosikazi awo? Sekela impendulo yakho. (2)

KANYE

5.2 **'ILOBOLO' – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA J

Sekuphele izinyanga ezine elobolile ngokwamandla akhe. Yize noma ezamile ukujabulisa umukhwe wakhe ngokumkhokhela kodwa umukhwe akavumi ukukhipha usuku lomshado. Umshado oNgcwele wasesontweni. Incwadi yomshado yona isikhona. Kwadingeka ukuthi kuphuthunywe kuyobhaliswa enkantolo ngenxa yesimo esasithanda ukuba bucayi. Kwathi ukuba kuzwakale ukuthi kukhona umuntu mumbe ofuna ukuyithwala intokazi lena, kwavunyelwana ukuthi kufanele bashadiswe ngokushesha laba bobabili. UMandlenkosi useshadile ngokusemthethweni. Sekusele ukuthi ayodlula endlini yesonto, kuyobusiswa le ncwadi yomshado.

UMandlenkosi ubesalokhu elulindile lolu suku lomshado olungafiki. Okubi kakhulu ukuthi umukhwe wakhe ubegodle ilobolo, wagodla nomakoti wase engezelela ngokugodla nosuku lomshado. Okwenza ibe buhlungu kakhulu inhliziyo kaMandlenkosi ukuthi umukhwe wakhe unesandla esiqine kakhulu. Akafuni ukuthi ingane yakhe ihlangane nomkhwenyana wayo kungakayiwa esontweni. Wasikhipha leso sexwayiso, waze wagcizelela. Waze wafunga wathi buyochitheka bugayiwe uma bengatholakala bendawonye laba bobabili. Kwancwajana yomshado ayisho lutho lapha kuyena, yinto asengayihliphiza kalula nje lena.

Umukhwe wayeqhosha ngokuthi uMandlenkosi akaqedile ukukhokha. Kwaleyo madlana aseyikhokhile angabuyiselwa yona kungabi ndaba zalutho nje, kuqhosha umukhwe.

5.2.1 Kwase kuphele izinyanga ezingaki elobolile uMandlenkosi? (1)

5.2.2 Bhala izinto EZIMBILI athi uMandlenkosi wayenqaba nazo umukhwe wakhe. (2)

5.2.3 Chaza kafishane okwakwenza inhliziyo kaMandlenkosi ibe buhlungu kakhulu ngokwalesi siqeshana. (2)

5.2.4 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi umukhwe kaMandlenkosi wayezibona enamandla okubuqeda ubudlelwano phakathi kwendodakazi yakhe noMandlenkosi. (2)

5.2.5 Fingqa ngomusho OWODWA isigameko sokuphetha kwale ndaba. (2)

5.2.6 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndatshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.2.7 Umlandi/Umxoxi wale ndaba ubonakala engeyena omunye wabalingiswa. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

5.2.8 Bhala inhloso yombhali yokusibhalela le ndatshana. (2)

5.2.9 Ngokubona kwakho kuyasiza yini ukugwema isiko lokuthwala intombi ngokuba kubhalwe umshado ngokushesha enkantolo? Sekela ngomusho OWODWA, ubhekise endabeni. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 6.1 NOMBUZO 6.2.

UMBUZO 6

6.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UNozidumo – LMMS Madondo

Ngikubonile mntanomuntu uyiphaka,
Ngikubonile nkosazana uyididiyela
Ngikuzwile mntanomfazi uyiyalela
Ngikuzwile ngane yabantu uyikhakhabeza.

Uyiphake angakholwa nkosazana,
Uyisuse kwelakini koMelika
Wayisingisa kwelenkolo koSadamu,
Uyiphake yadl'amadoda mame,
Uyiphake kwasuka izidumo Nozidumo.

Uyiphathise omkhulu umyalezo,
Kashongo njalo okaBush!
Uyididiyele ntokazi yase-Afrika,
Wayijuba mame omnyama,
Kwagxabhazela izisu emadodeni.
Udidiyele kwaphela izinseka
Zobumame obamumatha izinyanga,
Abantwana babantu abazocoboshiswa.

Uyiphakile Nozidumo wakithi,
Wanamathela kwabakhulu bakho,
Wayikhomba engahlehliyo,
Wayisingisa kuNtshebende
Iphume ekamabuyaze eyakho,
Wayisingisa koSadamu
Ngolaka nesankahlu seluxu,
Lokwahlulela kuNtshebende,
Wayikhomba ngolaka oluphindiwe,
Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.

Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi?
Ulaka olungaka uluthathaphi?
Isibindi esingaka wasifuziswaphi?
Izindimbane ezilele kobandayo?
Ngelakho izwi Nozidumo elinonya,
Ngabe unya lobugqila boyihlomkhulu?
Ngabe usebenzela usathane ozimpondompondo?
Babenzeni uma bezicijela imikhonto yabo?
Kakade igquzelwa ubisi lwayo.

6.1.1 Isihloko senkondlo 'uNozidumo' sikhomba buphi ubulili? (1)

6.1.2 Yisho amagama AMABILI imbongi ebiza ngawo uNozidumo esigabeni soku-1. (2)

6.1.3 Yayisuka kuphi iya kuphi impi kaNozidumo ngokwesigaba sesi-2. Shono ngomusho OWODWA. (2)

6.1.4 Tomula umugqa oqukethe ifanamsindo esigabeni sesi-3. (1)

6.1.5 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

6.1.6 Imbongi iqondeni **ngokuphaka impi** phakathi kwalokhu:

A Ukushaya ivuvuzela.
B Ukukhipha impi.
C Ukuthatha ubukhosi.
D Ukubiza amaphoyisa. (1)

6.1.7 Chaza ngomusho OWODWA la mazwi acashunwe emgqeni wama-27 enkondlweni: 'Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.' (2)

6.1.8 Shono ukuthi lo mugqa ocashunwe enkondlweni uqukethe sifenqo sini: 'Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi?' (1)

6.1.9 Shono ukuthi IQINISO noma UMBONO yini ukuthi baningi abantu ababulawa uNozidumo ngokwale nkondlo? Sekela ngokutomula umugqa ofakazela impendulo yakho esigabeni sesi-5. (2)

6.1.10 Phawula ngomoya wale nkondlo. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

6.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Inhlansi yakho thuli – SB Mlambo

1 Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
2 Ngishiywe nguNontando dengwane
3 Amehlo anezithukuthuku zosizi,
4 Kujuluke namehlo.

5 Ngakubona buqamama.
6 Ngakubona uyinhlasana.
7 Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
8 Ngamangala, ngankema.
9 Ngakubona ungena kimi ngamehlo.

10 Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo.
11 Yokhela, yalanguz'ilangabi.
12 Ngabuzwa ubulangulangu
13 Ngaziba, lakhula ilangabi.
14 Kokheleka nakweziny'izitho.

15 Ukunyamezela kwangiphika.
16 Ukubekezela kwanyamalala.
17 **Wadlondlobala umlilo** ngazidela.
18 Ngayihlomisa eyomlomo.
19 Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

20 Ngakujuma ungazelele.
21 Ngakucoboshisa ngeyamazwi.
22 Ngagadla ngengedla wapaquza,
23 Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
24 Ngagwaza ngesijula.

25 Nganqoba ngingeqhawe.
26 Ngazihasha ngingembongi,
27 Yahlokom'imvelo.
28 Kwabakuhle konke.

29 Ngayithumb'eyakho inhliziyo,
30 Ngayokhelisa yokhela,
31 Kwahlangan'ilangabi.
32 Mawungacishwa muntu,
33 Mawungacishwa mvula nomoya.

6.2.1 Yisho igama lale ntokazi eyashiya imbongi kule nkondlo. (1)

6.2.2 Yenzani imbongi emveni kokubona uThuli? Nikeza amaphuzu AMABILI ubhekise impendulo yakho esigabeni sesi-2. (2)

6.2.3 Shono izikhali EZIMBILI ezibalwe yimbongi enkondlweni. (2)

6.2.4 Tomula igama elisenkondlweni elisho ukuhamba sengathi awazi lapho uya khona. (1)

6.2.5 Tomula imvumelwano etholakala esigabeni soku-1 bese usho ukuthi iluhlobo luni. (2)

6.2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Imbongi iqonde ukuthini ngala magama abhalwe ngokugqamile kulo mugqa.

Wadlondlobala umlilo ngazidela:

A Lwakhula uthando.
B Wakhula umlilo.
C Yakhula inkinga.
D Lakhula ithemba. (2)

6.2.7 Bhala imigqa esesigabeni sesi-4 enempindamqondo. (2)

6.2.8 Shono indikimba equkethwe yile nkondlo. Sekela impendulo yakho. (2)

6.2.9 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana siqalo emigqeni yama-32 nama-33? (2)

6.2.10 Ngokucabanga kwakho ngabe imbongi yagcina isithandana yini noThuli? Sekela impendulo yakho ngomugqa osenkondlweni. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70